

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| November 2018 Edition 1



■ Molo Mhlaba is steadily closing the gap by offering quality education that can set girls up for life.



GO GEORGE leads in empowering people with disabilities

Page 4



Protecting the eyes and ears of children

Page 5

A ray of hope for Khayelitsha girls

KHAYELITSHA'S FIRST low-fee private school for girls Molo Mhlaba believes that people living in poor communities deserve safe, affordable and quality education.

Allison Cooper

Plagued by escalating crime, poverty and inequality, it was tough to find good education for girls in a safe environment in the Khayelitsha township. This is no longer the case as Molo Mhlaba is steadily closing the gap by offering

quality education that can set girls up for life.

Headed up by Dr Rethabile Sonibare, Molo Mhlaba – which means 'hello' world in English – opened its doors with a mere handful of learners aged between three and six in January 2018. A short ten months later, it has 38 foundation phase learners in its charge.

Inspired by the Montessori approach and a fun, playful and creative environment, the school provides quality science, technology, engineering, art and design and maths (STEAM) education, through innovative teaching and learning strategies, by teachers from the community. It is a dual English and Xhosa medium school.

“As a STEAM school, we offer subjects such as robotics and coding to three and four year olds,” Dr Sonibare confirmed.

In an area where sexual abuse is one of the biggest social ills, Molo Mhlaba provides a safe haven and

● **Cont. on page 2**

“The greatest glory in living lies not in never falling, but in rising every time we fall.”

Nelson Mandela



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

Abakwa-Driving Ambitions bafundisa abantu abakhubazekile ukushayela

UHLELO LOKUQEQESHA abashayeli abakhubazekile izingalo nemilenze kanye nabakhubazekile isingezansi olusebenzisa izimoto ezilungiselelwe ngokukhethekile lwenza kube lula kubantu abakhubazekile ukufunda ukushayela.

Abantu abakhubazekile ngokuvamile bakuthola kunzima ukufinyelela amathuba afanayo nabantu abangenakho ukukhubazeka.

Okunye kwalawa mathuba ukufunda ukushayela imoto. Kodwa uhlelo oluyingqayizivele lwabakwa-QuadPara Association of South Africa (i-QASA) luye lwafundisa abantu abayi-120 abakhubazekile ukuba bakwazi ukushayela izimoto ezilungiselelwe bona, kanti abangama-80 kulaba bantu baye bakwazi ukuthola izincwadi zabo zokushayela.

"Abantu abakhubazekile bavame ukubhekana nezinsalelo ezinkulu lapho bezama ukuya ezindaweni, ikakhulukazi ngoba abakwazi ukusebenzisa iningi lezinhlalo zokuthutha zomphakathi. Besifuna ukuxazulula le nkinga futhi, okubaluleke kakhulu, senze abantu baqasheke," kusho Isikhulu Esiphezulu (i-CEO) se-QASA

u-Ari Seirlis naye okhubazekile kwesingezansi.

Kwakuyilena injongo eyayiqhuba uhlelo lwabakwa-Driving Ambitions, olwasungulwa ngowezi-2013. I-QASA yahlalanga nenkampani eqashisa izimoto i-Avis ukuze baxoxisane ngokufundisa abantu abakhubazekile ukushayela izimoto ezilungiselelwe bona.


"Abakwa-Avis basiqonda isidingo, futhi bakubona ukubaluleka kwalokhu kubona, njengoba beqashisa ngezimoto ezishayelwa ngezandla. Bavuma ukunikela ngemoto yethu yokuqala eyayizosetshenziselwa izifundo zokushayela," kusho u-Seirlis.

Izicelo zalolu hlelo zivulelekile kubantu abakhubazekile izingalo nemilenze kanye nabakhubazekile isingezansi asebevele benayo ilayisensi yokufundela ukushayela.

"Baye bahanjise kudokotela wokunyakaza kwamalungu omzimba, phecelezi i-occupational therapist, ukuze iqinisekise ukuthi umzimba wabo uyakwazi ukunyakaza ngendlela engabenza bakwazi ukushayela izimoto ezenzelwe abantu abakhubazekile ngaphandle kokubabeka engozini. Kube sekubhekwa ukuthi umuntu lowo angakwazi ukukhokha imali engakanani kulolu hlelo, bese konke okunye kukhokhelwe ngabaxhasi," kuchaza u-Seirlis.

Ababambiqhaza bathola uchungechunge oluphelele lwezifundo zokushayela, kuze kube sebekulungele ukuhlolwa. Umuntu owalisebenzisa ngempumelelo leli thuba labakwa-QASA ngu-Carol Khoza, owabandakanyeka engozini yemoto eminyakeni emibili edlule. Wasala ekhubazekile kwesingezansi.

"Ezokuthutha zomphakathi zaba yinkinga enkulu kimi. Ngikhumbula ngelinye ilanga lapho ngagibela itekisi, bangigibeza phakathi kodwa bashiya isihlalo sami sabakhubazekile



UCarol Khoza ungomunye wabantu abangama-80 abakhubazekile asebenzincwadi zokushayela ngenxa yohlelo le-Driving Ambitions lakwa-QASA.

ngaphandle ukuze bakwazi ukugcwalisa itekisi," kusho uKhoza.

Ngokwesekwa ngabakwa-Driving Ambitions, uKhoza wafeza iphupho lakhe lokuthola izincwadi zokushayela.

"Ngibonga abakwa-QASA ngokunginika inkululeko yokuzimela nokuzethemba." **V**

Ukuze uthole olunye ulwazi mayelana nokufaka isicelo ohlelweni lwabakwa-Driving Ambitions xhumana nabakwa-QASA lapha: 031 767 0348/0352 noma nge-imeyili ethi: info@qasa.com

I-GO GEORGE isiza ekuhlomiseni abantu abakhubazekile

IGEORGE eseNtshonalanga Kapa iye yaqokwa njengenye yamadolobha abonelela abantu abakhubazekile kunawo wonke.

Ukufinyelela ezokuthutha zomphakathi ngokuvamile kuyinselele kubantu abaphila nokukhubazeka njengoba amabhasi amaningi namatekisi engenazo izinto ezidingekayo ukuthutha abagibeli abakhubazekile.

Omasipala bakuleli nabo sebezibandakanye kulolu hlelo lokusombulula le nkinga. Kanti uMasipala waseGeorge usukhuphule kakhulu iqophelo lokuthi izinhlelo zezokuthutha umphakathi kumele zime kuphi lapho kusetshenzelwa abantu abakhubazekile.

Njengoba luxhaswe ngezimali nguMnyango kaZwelonke WezokuThutha, uhlelo lwezokuthutha ngamabhasi asheshayo (i-BRT) i-GO GEORGE njengamanje lunamabhasi amancane angama-35, amabhasi ajwayelekile angama-36 namabhasi amakhudlwana angama-33. Wonke



Amabhasi amancane e-GO GEORGE kwaba yiwo awokuqala ohlobo lwawo anezici okuhloswe ukuthutha ngawo abantu abahamba ngezihlalo zabakhubazekile.

la mabhasi akiwe ngendlela ehlinzekela izihlalo zabakhubazekile.

Amabhasi ajwayelekile kanye namakhudlwana afakwe iphasishi lezihlalo zabakhubazekile elisebenza ngogesi, izihlalo ezikhethekile kanye nezinye

izinto ezijwayelekile. Kuye kwagxilwa kakhulu emabhasini amancane, wona-ke, okwathi ngesikhathi eqala ukukhishwa ngowezi-2015, aba ngawokuqala eNingizimu Afrika ukuba nomshini wokukhuphula abagibeli

abanezihlalo zabakhubazekile. Aphinde futhi abe nekhosombane lezihlalo zabakhubazekile nezicabha ezisebenza nge-hayidrolikhi, okwenza kube lula ukuthi abagibeli abakhubazekile bangene ebasini.

"Lolu ukuphela kohlelo lwamabhasi olufinyeleleka ngokuphelele eNingizimu Afrika," kusho imeninja ye-GO GEORGE uJames Robb.

"Lena enye yezinsika ezibalulekile zohlelo lwe-GO GEORGE. Kubalulekile ukuthi umuntu ngamunye eGeorge akwazi ukusebenzisa ezokuthutha zomphakathi ukuze akwazi ukufinyelela amathuba omsebenzi, ezitolo, ezenkolo, ezokungcebeleka kanye nezinsiza ezifana nokunakekelwa kwezempilo.

"Abagibeli abakhubazekile bakubonga kakhulu ukuca-tshangelwa kwezidingo zabo kanye nomshikashika wo-

suku nosuku wokufinyelela ezindaweni ezikude nekhaya, nokuzimela okulethwa uku-kwazi ukuzihambela ngokwabo."

U-Rodrique Felix, omunye wabasebenzisa uhlelo lwamabhasi, wabandakanyeka engozini yesithuthuthu ezinyangeni eziyi-18 ezidlule. Njengamanje uhamba ngesihlalo sabakhubazekile kodwa uthi usizo lwamabhasi lwenze kwaba lula ukuba akwazi ukuya esibhedlela.

"Empeleni, idolobha lonke laseGeorge lwenza impilo ibe lula kubantu abahamba ngezihlalo zabakhubazekile, okuyinto enhle kakhulu," kusho uRodrique.

Umasipala uphinde ube nezinhlelo eziningi zokunye ukwesekwa kwabantu abakhubazekile ezibandakanya uhlelo lwephimbo elikhulumayo kuwebhusayithi yakwamasipala oluguqula umbhalo uzwakale uyinkulumo ekhulunywayo. **V**